

## Ubunye Okholweni



### ISABATHA EMINI

#### Funda Kuleliviki:

Zenzo 4:8-12; Zenzo 1:11; Mat. 25:1-13; Heb. 9:11, 12; Eksod. 20:8-11; 1 Kor. 15:51-54.

#### Indimana Yekhanda:

“ ‘Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elimikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo’ ” (Zenzo 4:12, NKJV).

**N**go-1888 ama-Seventh-day Adventist aba namava empikiswano enkulu mayelana nokuhumushwa kwezibhalo ezisemqoka zeBhayibheli. Ngenkathi abefundisi kanye nabaholi bebandla bephikisana ngokuthi izimpondo eziyishumi zesiprofetho sikaDaniyeli 7 zimeleni kanye nomthetho kwabaseGalathiya 3:24, bambalwa phakathi kwabo ababona indlela umoya wobutha phakathi wabo owabhubhisa ngayo ukuhlanganyela kwabo kanye nobungani babo ngalokho kwabanesici kubunye kanye nomsebenzi webandla. U-Ellen G. White wayesizonda kakhulu lesisimo futhi wakhuthaza bonke ababeneqhaza kulezizingxoxo ukuba bacabangisise ngobudlelwane babo noJesu nangendlela uthando lwabo ngoJesu okumele lubonakale ekuziphatheni kwabo, ikakhulu lapho bengavumelani. Futhi wathi kumele silindele ukuthi akubona bonke ebandleni abazovumelana ngakho konke ukuhumushwa kwezibhalo zeBhayibheli. Kodwa wabuye wagcizelela ukuthi kumele sifune ubunye bokuqonda uma kuza ezinkolweni ezingumongo wobu-Adventist (buka u-Ellen G. White, *Counsels to Writers and Editors*, pp. 28-32). Kuleliviki sizobuka ezinye zezimfundiso ezingumongo zezibhalo ezisenza ama-Adventist kanye nesakhiwo sobunye bethu enkolweni.

*\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-November 24.*

## Usindiso KuJesu

Nakuba njengama-Seventh-day Adventist sinokuningi okufana namanye amabandla amaKristu, iqoqo lezinkolelo zethu zakha uhlelo olulodwa lwamaqiniso eBhayibheli abanye emhlabeni wamaKristu abangawashumayeli. Lamaqiniso asiza ekusichazeni njengensali kaNkulunkulu yesikhathi sokugcina.

**Funda iZenzo 4:8-12, 10:43. Yikuphi ukubaluleka uPetro akunikeza indawo kaJesu Kristu ekuqondeni ngecebo losindiso na?**

---

UmPostoli uPawule watshela abaseKorinte ukuthi izindaba ezilungileyo ngokuthi “uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye” (2 Kor. 5:19, NKJV). Ukufa kukaKristu kungukubuyisana kwethu noBaba, kuvala umsansa oshiywe yisono nokufa. Kumakhulu-khulu eminyaka, amaKristu abelokhu ezibuza ngokuthi ukufa kukaJesu, nokuvuka, kanye nokubuyisana ezela ukuzokufeza kusho ukuthini. Loluhlelo lokubuyisana kubizwe ngokuhlawulela, igama elidala lesiNgisi ekuqaleni elalichaza “ukwenziwa munye.” Lesi yisimo sokukuba “munye,” noma sokuvumelana. Ngokunjalo, ukuhlawulelwa kuchaza ukuzwana ebudlelaneni, futhi lapho bekukhona ukuqhelelana, lokhu kuzwana kuba ngumphumela wokubuyisana. Ubunye bebandla ngalokho buyisipho salokhu kubuyisana.

**Izahluko ezilandelayo zifundisani mayelana nencazelo yokufa kanye nokuvuka kukaJesu na?**

**Rom. 3:24, 25** \_\_\_\_\_

**1 Johane 2:2** \_\_\_\_\_

**1 Johane 4:9, 10** \_\_\_\_\_

**1 Pet. 2:21–24** \_\_\_\_\_

Nakuba sibambebele kulenkolelo ekufeni nasekuvukeni kukaKristu ngokufana nezinhlalelo eziningi zamaKristu, siyimemezela ngokwengqikithi “yevangeli laphakade” (Samb. 14:6), ingxenye yemibiko yezingelosi ezintathu zeSambulo 14:6-12. Njengama-Seventh-day Adventist, sigcizelela kulezizigijimi ezingamemezela ngamanye amahlelo amaKristu.

**Ungafunda kanjani ukugcina phambi kwakho sonke isikhathi ubuqiniso bokufa nokuvuka kukaKristu kanye nethemba elikunikezayo na?**

## Ukuza Kwesibili KukaKristu

Abapostoli kanye namaKristu okuqala ayebona ukubuya kukaKristu njenge“themba elibusisiweyo” (Titu 2:13, NKJV), futhi babelinde ukuthi iziprofetho nezithembiso zeZibhalo zigcwaliseke Ekuzeni Kwesibili. Ama-Seventh-day Adventist asabambelele ngokuqinile kulesisiqiniseko. Empeleni, igama lethu, “Adventist,” likubeka lokhu ngokungananazi. Bonke abathanda uKristu babheke ngokulangazelela lolosuku abazokwazi ukuba nobudlelwana Naye ubuso nobuso. Kuze kube yilolosuku, isithembiso sokuza kwesibili kukaKristu sifaka ithonya lobunye kithina njengabantu bakaNkulunkulu.

**Izahluko ezilandelayo zifundisani mayelana nendlela yokubuya kukaKristu na? Lokhu kwehluke kanjani emiqondweni eyandile emayelana nokubuya kukaKristu na? Zenzo 1:11; Mat. 24:26, 27; Samb. 1:7; 1 Thes. 4:13-18; Samb. 19:11-16.**

Ngokuphinda phinda iBhayibheli liyasiqinisekisa ngokuthi uJesu uyakuza futhi ukuzothatha abantu Bakhe abahlengiweyo. Ukuthi lesisigameko siyokwenzeka nini akumele kube yinto esiyihlawumbisayo, ngoba noJesu ngoKwakhe wathi, “ ‘Kepha lolo suku nalelo hora akakho owazi lutho ngalo nazingelosi zasezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela’ ” (Mat. 24:36, NKJV). Asazi nje kuphela ukuthi uKriatu uyakubuya nini, kepha sitssheliwe futhi ukuthu asazi. Ekupheleni komsebenzi Wakhe, uJesu waxoxa indaba engumfanekiso wezintombi eziyishumi (Mat. 5:1-13) ukuze abonise amava ebandla njengalokhu lilindele ukuza Kwakhe kwesibili. Amaqembu amabili ezintombi amele izinhlobo ezimbili zamakholwa athi alindele uJesu. Ngokubonakala ngaphandle, lamaqembu omabili abukeka efana; kodwa kuthi lapho ukulibala kukaJesu kwenzeka, umehluko wangempela phakathi kwawo ube sobala. Elinye iqembu, nakuba kukhona ukulibala, laligcine amathemba alo ephila futhi lenze amalungiselelo anele kwezikamoya. Ngalomfanekiso uJesu wayefisa ukufundisa abafundi Bakhe ukuthi amava obuKristu awancikile ekuthathekeni kwemizwa noma ekushiselekeni kodwa ekuncikeni okuqhubekayo kumusa kaNkulunkulu nasekubekazeleni okholweni nakuba bungekho ubufakazi obuphathekayo bokugcwaliseka kwezithembiso zikaNkulunkulu. UJesu uyasimema namuhla ukuba “siqaphe” futhi silungele ukuza Kwakhe noma yisiphi isikhathi.

**Nakuba ngegama lethu “Seventh-day Adventist” sifakaza ngokubasemqoka Ukuza Kwesibili okuyikho kithina, singenza kanjani ngamunye ukuba sigcine iqiniso Lokuza Kwesibili ngaphambi kwethu na? Singenza kanjani thina, njengoba iminyaka iqhubeka, ukuba singenzi iphutha uJesu axwayisa ngalo kulomfanekiso wezintombi eziyishumi na?**

# Inkonzo kaJesu Endaweni Engcwele YaseZulwini

KwiTestamente Elidala, uNkulunkulu wayaleza uMose ukuba akhe itabernekeli, noma indawo engcwele, ezosebenza njengendawo Yakhe “yokuhlala” lapha emhlabeni (Eksod. 25:8). Ngezinkonzo zayo, indawo engcwele yilapho abantu bakwaIsrayeli ababefundiswa khona icebeo losindiso. Kamuva, ngesikhathi seNkosi uSolomoni, ithempeli elikhangisayo lathatha indawo yetabernakeli eliphathwayo (1 Amakhosi 5-8). Zombili itabernekeli kanye nethempeli zazakhiwe ngokomfanekiso wendawo engcwele yasezulwini, “itabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu.” (Heb. 8:2, NKJV; buka futhi uEksod. 25:9, 40). Kulo lonke iBhayibheli, kuthathwa ngokuthi kukhona indawo engcwele yasezulwini, esebenza njengendawo yokuhlala uNkulunkulu. Izinkonzo zendawo engcwele yasemhlabeni “zaziyiziprofetho ezincane” zecebo losindiso kanye nezomsebenzi kaJesu wobupristi ezulwini.

**Funda amaHeberu 8:6; 9:11, 12, 23-28; no 1 John 1:9-2:2. Lezizahluko zifundisani mayelana nomsebenzi kaJesu wobupristi endaweni engcwele ezulwini na?**

---



---

Selokhu anyuka uJesu, indawo engcwele yasezulwini yilapho asebenza khona umsebenzi Wakhe wobupristi ngenxa yosindiso lwethu (buka Heb. 7:25). Ngalokho, siyakhuthazwa ukuba “sisondele ngesibindi esihlalweni somusa ukuba samukeliswe isihawu, sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo.” (Heb. 4:16, NKJV).

Njengalokhu itabernekeli lasemhlabeni lalinezigaba ezimbili zokusebenza kompristi— esokuqala, nsuku zonke Endaweni Engcwele kuthi kanye ngonyaka Endaweni Engcwele—Ngcwele—Izibhalo futhi zichaza ngalezizigaba ezimbili zomsebenzi kaJesu ezulwini. Umsebenzi Wakhe Endaweni Engcwele unokunxusela, nokuthethelela, nokubuyisana, kanye nokuvuselela. Isoni eziphendukile zifinyelela ngokuphazima kuBaba ngoJesu Ummeli (1 Johane 2:1). Kusukela ngo-1844, umsebenzi kaJesu Endaweni Engcwele—Ngcwele ubhekene nezigaba zokwahlulela nokuhlaza ezazenziwa kanye ngonyaka ngoSuku Lokubuyisana (Levitikus 16). Umsebenzi wokuhlaza indawo engcwele ugxile egazini likaJesu elachithwa. Ukubuyisana okwenziwa ngalolusuku kwakukhomba ukusebenza kokugcina kokufaneleka kukaKristu ukususa ubukhona besono kanye nokufeza ukubuyisana okuphelele kwezwe lonke kuhulumeni onokuzwana ngaphansi kukaNkulunkulu. Imfundiso yalomsebenzi ozigaba zimbili ngumnikelo owodwa wama-Adventist ekuqondeni ngecebo lonke losindiso.

# ISabatha

Enye imfundiso ebucayi yeBhayibheli ama-Seventh-day Adventist akholwa kuyo nayiphakamisayo ngeyeSabatha losuku lwesikhombisa. Lena yimfundiso esemqoka eletha ubunye kanye nobudlelwane phakathi kwethu. Ingenye esiyilandela sodwa, ngaphandle kwabathile ebuKristwini. ISabatha liyisiphosikaNkulunkulu kubantu kusukela evikini Lokudala uqobo (Gen. 2:1-3). Ekudaleni, izingenzo ezintathu ezigqamile zasungula iSabatha: (1) uNkulunkulu waphumula ngeSabatha, (2) walubusisa lolusuku, futhi (3) Walungcwalisa. Lezizenzo ezintathu zasungula iSabatha njengesiphosikaNkulunkulu, esenza isintu ukuba sibe namava eqiniso lezulu emhlabeni futhi siqinisekise noKudala kukaNkulunkulu kwezinsuku eziyisithupha. URabbi owaziwayo, u-Abraham Joshua Heschel, ulibize iSabatha “ngesigodlo esikhathini,” usuko olungcwele lapho uNkulunkulu ehlalanga nabantu Bakhe ngendlela ekhethekileyo.

**Yini efundiswa yizahluko ezilandelayo mayelana nokuthi liyini iSabatha kubantu na? Eksod. 20:8-11; Dut. 5:12-15; Ezek. 20:12, 20.**

---

Ekufiseni kwethu ukulandela Isibonelo sikaJesu (Luka 4:16), ama-Seventh-day Adventist agcina iSabatha losuku lwesikhombisa. Ukuthatha iqhaza kukaJesu ezinkonzweni zeSabatha kwembula ukuthi wayefakaza ukuthi laliwusuko lokuphumula nokudumisa. Ezinye zezimangaliso Zakhe zenziwa ngeSabatha ukuze afundise umkhakha wezokuphulukisa (kwenyama kanye nokwezikamoya) okuza ekugubheni iSabatha (buka uLuka 13:10;17). Abapostoli kanye namaKristu okuqala babeqonda ukuthi uJesu wayengazange alichithe iSabatha; nabo babeligcina futhi bedumisa ngalolosuku (Zenzo 13:14, 42, 44; 16:13; 17:2; 18:4). Omunye umkhakha omuhle weSabatha ngukuthi liwuphawu lokuhlengwa kwethu esonweni. ISabatha liyisikhumbuzo sokundiswa kwabantu bakwaIsrayeli nguNkulunkulu ebugqilini baseGibhithe ebasa ekuphumuleni ayebathembise kona ezweni laseKanana (But. 5:12-15). Ngaphandle kokwehluleka kukaIsrayeli ukungena ngokuphelele kulokhu kuphumula ngenxa yokungalaleli kwabo kanye nokukhonza izithombe, uNkulunkulu usathembisa ukuthi “kubasalele abantu bakaNkulunkulu ukuphumula” (Heb. 4:9, NKJV). Bonke abalangazelela ukungena kulokho kuphumula bangangena kukho ngokholo ensindisweni enikezwa nguJesu. Ukugcina iSabatha kuphawula lokhu kuphumula kwezikamoya kuKristu kanye nokuthi sincike kuphela ekufanelekeni Kwakhe, hhayi emisebenzini, ukuba sisindiswe esonweni nasekutholeni ukuphila okuphakade. (Buka Heb. 4:10, Mat. 11:28-30.)

**Kungaziphi izindlela eziphathekayo iSabatha elikusize ngazo ukuba ube namava obunye nokuhlanganyela uKristu akulangazelela abantu Bakhe na?**

## Ukufa kanye Nokuvuka

Ekudaleni, “uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; kanjalo umuntu waba umphefumulo ophilayo” (Gen. 2:7, NKJV). Lombiko wokudalwa kwesintu wembula ukuthi ukuphila kusuka kuNkulunkulu. Ngabe ukungafi kuyingxenyelalokhu kuphila na? IBhayibheli lisitshela ukuthi nguNkulunkulu kuphela ongafiyol (1 Tim. 6:16); ukungafil akunikezwa kubantu ngenkathil bezalwa. Ngokungafanil NolNkulunkulu, abantu bayafal. Izibhalo ziqhathanisal izimpilol zethu “nenkungu ebonakalal isikhashanal, ibisinyamalalal” (Jakobe 4:14, NKJV), futhil ekufenil izimpilol zethu zingenal esimwenil sokulalal esingenayol impilol. (Buka uMshum. 9:5, 6, 10; Hub. 146:4; Hub. 115:17; Johane 11:11-15.) Nakubal abantu bezalwal benokufal, iBhayibheli likhuluma ngoJesu Kristu njengomthombol wokungafil futhil lisitshelal ukuthil usinikezal isithembisol sokungafil kanyel nesokuphilal okuphakadel kubol bonkel abakholwal ensindiswenil Yakhel. “Isiphol sikaNkulunkulu singukuphilal okuphakadel kuKristu Jesu iNkosil yethul” (Rom. 6:23, NKJV). UJesul “wachithal ukufal, walethelal ekukhanyenil ukuphilal nokungabhubhil ngevangelil” (2 Tim. 1:10, NKJV). “Ngokubal uNkulunkulu walithandal izwel kangakal, wazel wanikelal ngeNdodanal yakhel ezelwel yodwal ukubal yilowol nalowol okholwal yiyo angabhubhil, kodwal abel nokuphilal okuphakadel” (Johane 3:16, NKJV). Ngakhoke, likhonal ithembal lokuphilal ngal kokufal.

**Funda u-1 Korinte 15:51-54 no 1 Thesalonika 4:13-18. Lezizahluko zisitshelani mayelana nokuphila ngale kokufa kanye nokuthi ukungafi abantu bayokunikezwa nini na?**

---



---

Umpostolil uPawule ukwenzal kube sobalal ukuthil uNkulunkulu unikezal ukungafil kubantu, hhayil ngesikhathil sokufal, kephal ovukwenil, ngenkathil kukhalal icilongol lokugcinal. Ngenkathil abakholwayol bamukelal isithembisol sokuphilal okuphakadel ngesikhathil bamukelal uJesul njengoMsindisil wabol, ukungafil kunikezwal kuphela ovukwenil. ITestamentel Elishal alazil luthol ngomqondol wemiphefumulol eyal ezulwinil ngesikhathil sokufal; lemfundisol inezimpandel zayol ebuhedeninil, kusukelal emfundiswenil yamaGrikil, futhil ayitholakalil kwiTestamentel Elidalal noma Elishal.

**Ukuqonda kwethul ukufal kusisizal kanjanil ukubal sithakaselal kakhulul isithembisol Sokuzal Kwesibilil nal? Lenkolelol isenzal kanjanil sibemunyel ngendlelal enamandlal njengamal-Sevenl-day Adventist nal?**

## Cabanga Kabanzi:

Ellen G. White, “The Foundations, Pillars, and Landmarks,” pp. 28-32, in *Counsels to Writers and Editors*. Read the article “Doctrines, Importance of,” pp. 778, 779, in *The Ellen G. White Encyclopedia*. Njengama-Seventh-day Adventist sabelana ngezinkolelo ezibalulekile nezinye izinhlelo zamaKristu. Engumongo, nembala, yinkolelo yokusindiswa ngokukholwa kuphela ngokufa kukaJesu okubuyisanayo endaweni yethu. Thina, kanye namanye maKristu, sikholwa ukuthi ukulunga kwethu kutholakala, hhayi emisebenzini yethu kodwa ekulungeni kukaKrsitu, okunikezwa thina ngokholo, isipho somusa esingasifanele. Noma, njengalokhu u-Ellen G. White abhala: “UKristu waphathwa ngendlela eyayifanele thina, ukuze thina siphathwe ngendlela efanele Yena. Wabekwa icala ngezono zethu, ayengenasabelo kuzo, ukuze thina silungiswe ngokulunga Kwakhe, esasingenasabelo kuko. Wafa ukufa okwakungokwethu, ukuze thina samukele ukuphila okungoKwakhe.”— *The Desire of Ages*, p. 25. Kusenjalo, zithathwa ngokuphelele, izinkolelo zethu, kanye nemikhuba nendlela yokuphila ehlanganisa lezinkolelo, kusenza sibe sodwa phakathi kwamanye amaKristu. Iyona ndlela okumele kube yiyo, futhi; uma kungenjalo, Kungani sibe khona, okungenani njengama-Seventh-day Adventist na? Ukuthanda kwethu uJesu, kanye nemfundiso esiyimemezelayo, kumele kube yinto enamandla ekusenzeni sibe munye.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

1. *Kwi-Faith and Works*, p. 103, u-Ellen G. White ulinganisa ukubonelelwa kanye nokuthethelelwa kwezono. Ukuthakasela ukuthethelelwa kwethu kanye nokubonelelwa kuKrsitu kubayisisekelo kanjani ebudlelaneni bethu nabafowethu nodadewethu na?
2. Cabanga ngendlela izimfundiso zethu ezibaluleke ngayo ngokwengqikithi yobunye bebandla. Okungukuthi, yini le ehlanganise izigidi zabantu ezahlukene ngobuhlanga, inkolo, ezipolitiki, kanye namasiko ngaphandle kokwabelana ngezinkolelo zezimfundiso na? Lokhu kusitshelani ngokubaluleka kwemfundiso, hhayi kuphela ngokwengqikithi yokusebenza kanye nombiko webandla kepha nangobunye na?
3. Igama lethu “Seventh-day Adventist” likhomba ezimfundisweni ezimbili ezibucayi, iSabatha losuku lwesikhombisa kanye Nokuza Kwesibika. Enye ingxenye yegama lethu ikhomba Ekudaleni, enye ekuhlengweni. Lezimfundiso ezimbili zihlobene kanjani, futhi kungaziphi izindlela ngokuhambisana ezikwazi ukuveza ngokusobala lokho esiyikona njengabantu na?

**Kafushane:** Ama-Seventh-day Adventists apethe izimfundiso ezifanayo. Ezinye zifana nezamanye amaKristu; ezinye cha. Zithathwa ngokuphele lezimfundiso zakha ubuthina njengebandla elehlukile futhi ziyisisekelo sobunye bethu kuJesu.